

**uChungechunge Lwezfundo zeBhayibheli
Zakwa Church Land Programme**



Isifundo 3: ISIQINISEKO SOKUTHOLA UKUDLA



Isikhathi esilinganisiwe:

2.5 wamahora



Itekisi elisemqoka:

Mathewu 6: 9-13




Ozokudinga: Amapeni, iphepha, amaBhayibheli, inewsprint enkulu (noma ibhodi lokubhala no shoki) ikhokhi pen, okokunamathisela (prestik noma amadrawing pins).

Uiwazi olubalulekile kuMsizi



Lesisifundo seBhayibheli singesinye zezifundo eziyingxene yeochungechunge oludidiyelwe I Church Land Programme (CLP). Isifundo sabantu abafuna ukuqonda ukuthi iBhayibheli liyibuka kanjani indaba yomhlaba. Siukethe iminininingwane ngesifundo seBhayibheli, izahluko namaculo okukhonza nemithandazo, okuqondwe ngakho ukusiza abaholi bamabandla namabandla uqobo ekutheni acabange ngezimo zamalungelo abantu kwezomhlaba nendalo bebambisene noNkulunkulu. Kubaluleke kakhulu ukuba uqale ngokufunda ‘isingeniso’ esisekuqaleni yaloluchungechunge lwezfundo zeBhayibheli lweCLP, ukuze uqonde ngomlando walesifundo. Lesisifundo singenziwa ngesiZulu noma ngesiNgisi. Lokhu kuncike kumsizi.



Ongakulungiselela ngaphambili:

- Funda isifundo sonke.
- Funda iTekisi, uqiniseke ukuthi uyaqonda ukuthi indaba ikhulumha ngani.
- Qoqa izinto ozozidinga esifundweni (Buka uhla olungenhla).
- Funda yonke imibuzo, ucabange ukuthi ungayiphendula kanjani.
- Bhala imibuzo 1 kuya ku 4 ephepheni elikhulu. Bhala kakhulu nangokucacileyo.
- Bhala imibuzo 5 kuya ku 9 ephepheni elikhulu. Bhala kakhulu ngokucacileyo.
- Bhala umthandazo wokuvala ephepheni elikhulu noma ebhoini. Bhala ngokucacile.



Isinyathelo 1.

Ungafisa ukuqala isifundo seBhayibheli (Bible Study) ngokwamukela bonke abantu, bese uvula ngomthandazo.



Isinyathelo 2.

(Timecheck: 5 minutes)

Funda ivesi esebhayibhelini ngezwi eliphakame. Kuhle kakhulu uma lokho kwenziwa ngomunye wabathamele isfundo sebhayibheli onezwi eliphakeme. Uma abathameli benawabo amaBhayibheli, bangakhetha ukulandela befunda kwawabo amaBhayibheli.

Isinyathelo 3.

(Isikhathi: 20 wemizuzu)

Buza wonke umuntu okhona lombuzo: Lendaba ikhulumana ingani?

Lombuzo kufanele udingidwe abantu bonke kulesisifundo.

Bhala phansi izimpendulo ephepheni elikhulu ukuze bonke abantu bazibone.



Umbono Omuhle

- | Kанинги siwujwayele ‘Umthandazo oMkhulu,’ size sihluleke ukubona nokuqonda lokho lomthandazo Okushoyo ngempela.Ukusiza abathameli besifundo ukuze bacabange kabanzi ngetekisi nokuthi libathinta kanjani empilweni, yenza wonke umuntu ahiale phansi athule okwesikhashana benze sengathi abakaze bawuzwe lomthandazo.
- | Abenze sengathi musha kubo futhi bazame ukubona ‘ngamehlo amasha’.

Isinyathelo 4.

Siza abafundi bazehlukanise babe ngamaqembu amancane. Uma kungenzeka kuhle kube nabantu abane kuya kwabayisithupha eqenjini ngalinye. Iqembu ngalinye kufanele libe nephepha nepeni lokubhala noma ipensela. Namathisela odongeni iphepha elinemibuzo 1 kuya ku 4. Wonke amaqembu kufanele akwazi ukubona kalula.



Isinyathelo 5.

(Isikhathi: 30 wemizuzu)

Lamaqembu kufanele axoxisane ngemibuzo, bese futhi ebhala phansi izimpendulo:

1. *Uyofikelaphi umbuso kaNkulunkulu uyofikela khona?*
2. *Amavesi u 11 no 12 awuchaza kanjani umbuso kaNkulunkulu?*
3. *Kungani uJesu ekhathazeke kangaka nge “sinkwa sanamuhla”?*
4. *Kungani uJesu ekhathazeke kangaka nge “sikweletu”(noma “icala”)?*



Isinyathelo 6.

(Isikhathi: 20 wemizuzu)

Amaqembu amancane kufanele abikele abantu bonke ngabaxoxisane ngakho nezimpendulo zawo. Ukonga isikhathi amaqembu angabika imibuzo eyahlukene ngokushintshana.



Isinyathelo 7.

(Isikhathi: 30 wemizuzu)

Emuva kokubika, abathamel i kufanele babuyele emaqenjini abo amancane. Namathisela iphepha elinemibuzo 5 kuya ku 9, amaqembu wonke ayibone kalula. Amaqembu amancane awaxoxisane aphendule nemibuzo.

5. *Ubani emphakathini wako odinga “isinkwa sanamuhla”? Kungani?*
6. *Ubani emphakathini wakho odinga ukukhuluwa “esikweletini”? Kungani?*
7. *Ingabe umbuso kaNkunkulu uyobanjani kulaba bantu?*
8. *Yikuphi “ukulingwa” kanti futhi ibuphi “nobubi” obungasivimba ukusungula Umbuso kaNkulunkulu emhlabeni?*
9. *Yini ozoyenza ukuqinisekisa ukuthi umbuso kaNkulunkulu uyafika emhlabeni? Bhalani uhla lwezinto enizozenza.*

Lokhu Kusho Ukuthini



FOOD SECURITY

Isiqiniseko sansukuzonke sokubakhona kokudla okudingekayo ukususa iphang. Isiqiniseko sokuba nokudla okwanele.

Isinyathelo 8.

(Isikhathi: 30-40 wemizuzu)

Siphe futhi, ekupheleni kwesikhathi sokuxoxisana, amaqembu amancane kudingeka abika egenjini elikhulu, asho futhi uhlelo lwawo lwezinto azozenza (plan of action).



Isinyathelo 9.

Goqa isifundo seBhayibheli. Njengoba wonke umuntu eseokuqonda okusha ngomthandazo oMkhulu, ungaflsa ukuhola wonke umuntu ngomthazo oMkhulu, nicele noNkulunkulu ukuba assize abathamel besifundo ukuba abasize besazama ukuletha umbuso wakhe emhlabeni. Loluhlobo lomthanzo oMkhulu olubhalwe ngezansi lungalotshwa ephepheli elikhulu noma ebhodini ukuze bonke abantu bathandaze kanyekanye:

Baba wethu osezulwini, malingcweliswe igama lakho.

Umbuso wakho mawufike, intando yakho mayenziwe emhlabeni njengasezulwini.

Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla.

Usixolele izikweletu zethu, njengoba nathi sibaxolela abasikweletayo.

Ungasiholeli ekulingweni, kodwa usisindise komubi.

